Umnyango wakwa-Economic Development kuMasipala weTheku umema izicelo zokubambisana ezivela ezinhlanganweni zamabhizinisi emikhakha ethile (izinhlaka/izinhlangano/ama-ejensi asungulelwe izinjongo ezithile) ohlelweni lokucathuliswa kosomabhizinisi abasemkhakheni wefenisha KwaMashu ukuze kulekelelwe ekukhuliseni umnotho

UMNYANGO wakwa-Economic Development (EDU) ng-uMnyango ongaphansi kwe-Cluster yezokuThuthukiswa Komnotho Nokuhlelwa Kwedolobha eThekwini kanti ungena ngaphansi kweSu 2 loHlelo Lentuthuko Edidiyele (IDP). Injongo yeSu 2, 'Ukuthutthukisa umnotho esifundeni saseThekwini ukuze kusizakale zonke izakhamizi' futhi umphumela olindelekile 'Wukudlondlobala komnotho, amathuba emisebenzi yesikhathi eside nokulwa nobubha.'

Iminotho yamadolobha ephumelelayo ibandakanya uwonkewonke futhi ihlomulisa izakhamuzi ngempilo esezingeni elihle. Ukuze kufezekiswe lokhu, ucwaningo Lwamadolobha Aphumelelayo lwe-World Bank lugcizelela iqhaza lokusebenzisana phakathi kwezinhlaka zikahulumeni nabasemkhakheni wamabhizinisi azimele. Ngale ndlela, uhlelo lweDolobha lwe-Sakha iTheku/Shape Durban luhlose ukwakha indlela yokusebenzisana ukuze kukhuliswe umnotho. Lolu hlelo lwakhiwe yizingxenye eziyisihlanu ezibalulekile (SFAs), enye yazo egxile 'ekuvuseleleni izimboni emnothweni ngokuthi kusetshenziswe impahla eyenziwe ekhaya futhi kugxilwe zimbonini ezithile' kanti enye i-SFA ikhuluma ngokuba 'nohulumeni onekhono, ogxile ezidingweni zamakhasimende, ovula amathuba, osebenzayo futhi odidiyele."

UPhiko olubhekele Ukuthuthukiswa Kwezimboni (IDD) lwe-EDU lunejoka lokusimamisa umnotho wedolobha ngokudlala indima yokuhlela ukuze kukhuthazwe ukukhula komnotho nokudalwa kwamathuba emisebenzi, ukwenza kube nezimo ezivumela amabhizinisi nezimboni ukuba ziqhakaze. Lokhu kwenziwa nokuthi kwakhiwe futhi kuqaliswe izinhlelo zokuthuthukiswa kwezimboni kulezo zimboni ezibalukile. Umsebenzi we-IDD ususelwe ohlelweni Lokuletha Izinguquko Ezimbonini lukaHulumeni kaZwelonke, uHlelo lweDolobha lweSakha iTheku / Shape Durban, yiSu Lokuthuthukiswa Kwezifunda kanye neSu lamaPhuzu ayiShumi leMeya.

Lawa masu asekhaleni lombono kahulumeni wokuvuselela umnotho wezimboni, ukuletha izinguquko kulezi zinhlaka ngokuthi kugxilwe emikhiqizweni yasekhaya nokutshalwa kwezimali ezimbonini nasebuchwephesheni obubalulekile futhi obuwusizo. I-IDD izama ukudala izimo ezivumela izimboni ukuba zidale kangcono amathuba emisebenzi kuMasipala weTheku, okuzofezekiswa ngokuthi kuqalwe izindlela ezintsha ezizokwenza kube namathuba okudalwa nemisebenzi nokuqashwa kwabantu abasha.

Ngenxa yalokhu osekushiwo ngasenhla, uMnyango uzama ukungena ezivumelwaneni zokusebenzisana nezinhlangano zamabhizinisi ezisemikhakheni ethile (izinhlaka/izinhlangano noma ama-ejensi asungulelwe ukufezwa kwezinhloso ezithile) oHlelweni Lokucathuliswa Kosomabhizinisi beFenisha KwaMashu, ezizolawula futhi ziqhube lesi sikhungo futhi zinikezele ngamakhono okukhiqiza ifenisha. Indawo nezakhiwo zesiKhungo Sefenisha KwaMashu zingaphansi kukaMasipala njengoba lesi sikhungo besakhelwe ukuba yindawo yokukhiqiza ekwazi ukugcina imishini yangaphakathi, kanti sakhelene nezindawo ezincane eziwu-20 zamabhizinisi okukhiqiza, indawo yamahhovisi abaphathi, indawo yokubukisa nendawo yendwangu neyokubaza izingodo. Ikheli lomgwaqo lalesi siKhungo Sokucathulisa Amabhizinisi eFenisha ngu-No. 30, 109236 Street, KwaMashu, eThekwini.

UMSEBENZI OZOKWENZIWA

Kudingeka izinhlangano zemikhakha yamabhizinisi ezimboni ezithile ezizosiza, phakathi kokunye:

Ngokuhlinzeka ngoqeqesho okubalwa nezifundo ezigunyazwe yiSETA ezifana nokusika amapulangwe, ukwakha amakhabethe, indwangu nokubaza ugodo.

Ngokuhlinzeka usizo lokucathulisa amabhizinisi nokwesekwa kwabazofunda, abanamabhizinisi kanjalo namabhizinisi angaphandle:

- Imisebenzi yezokuphatha ehlukahlukene
- Ukutholakala kwemishini
- Ukucathuliswa kwezamabhizinisi
- Ukucathuliswa kwezobuchwepheshe
- Ukuthola i-inthanethi
- Amagumbi okubamba imihlangano
- Ukulekelela ngokumaketha
- Ukuvula amathuba ezimakethe

Ukubusa nokulandelwa kwemithetho

- Ukuqinisekisa ukulawula nokulandelwa kwemithetho nezinqubo, ukubika kwangaphakathi nangaphandle
- Ukuphatha nokulawula izimali

Ukulawula ubudlelwane nabathu abasemkhakheni kahulumeni namabhizinisi azimele

INDLELA YOKUFAKA ISICELO

1. Izicelo zilindeleke ezinhlanganweni zamabhizinisi ezimboni ezithile ezisungulwe futhi zabhaliswa njengeziNkampani Ezingenzi Nzuzo (NPC).
2. Izicelo kumele zihambisane neziphakamiso ezichaza kabanzi ukuthi inhlangano izosebenzisana kanjani noMasipala ukulawula nokuqhuba Indawo yokucathulisa amabhizinisi futhi izowahlinzeka kanjani amakhono efenisha nezinhlelo zokucathulisa amabhizinisi.
3. Izicelo kumele zisho ngokucacile ukuthi inhlangano inamaphi amakhono mayelana nokucathuliswa kwamabhizinisi efenisha nokuqeqesha.
4. Chaza kabanzi ukuthi izimali zizosebenza kanjani ezinyangeni eziwu-36 mayelana nohlelo lokucathulisa nokuqeqesha amabhizinisi efenisha.
5. Zonke izicelo ezilethiwe ziyobhekwa ngokuziqhathanisa nezinjongo zoHlelo Lwezomotho eThekwini lweSakha iTheku/Shape Durban neSu le-DDM, kugxilwa kakhulu ekukhuliseni izimboni eThekwini, ukuthuthukisa amaSMME nokudalwa kwamathuba emisebenzi.
6. Umphumela wokuthi ngabe isicelo semukelwe noma cha uyolandela emuva kwesinqumo soMkhandlu bese abafakizicelo baziswa ngendlela efanele.
7. Isicelo kumele siveze ukuthi inhlangano leyo izofakani yona ngakwezezimali nangenye indlela kulobu budlelwane.

IMIGOMO NEMIBANDELA

1.Zonke izicelo kumele zihanjiswe emaHhovisi oMnyango wakwa-Economic Development ase-11th Floor, Rennie House, 41 Margaret Mncadi Avenue, Durban, 4001. Izicelo kumele ziphinde zithunyelwe nge-email kuTakalani Rathiyaya ku: ***Takalani.Rathiyaya@durban.gov.za***

2. Umfakisicelo (oyi-NPC) kumele abe nebhodi yabaqondisi eveza ukumeleleka kwazo zonke izinhlaka zamabhizinisi futhi ikukhuthalele ukumela izimfuno zosomabhizinisi eThekwini.
3. Kumele abe okungenani nesipiliyoni seminyaka emithathu ekucathuliseni nasekuqeqesheni osomabhizinisi.
4. Kumele kulethwe nama-CV abasebenzi okubalwa kuwona abaPhathi/iBhodi.
5. Izinhlangano kumele zikhombise ukumeleleka kosomabhizinisi abemikhakha ehlukene futhi kumele zingachemi futhi zingabandlululi ziphinde zinike amathuba alinganayo kwabesifazane, intsha nabantu abakhubazekile.
6. Ngokuhambisana nezinjongo zalolu hlelo lokusebenzisana, inhlangano kumele iveze ukuthi izozilekelela futhi izikhulise kanjani izinhlelo ezivele zikhona zoMnyango ezihlinzekwa nguMasipala. Uhlobo lokwesekwa nezinsiza ezidingekayo kumele kushiwo ngokomthamo nangokwenani lemali.
7. Thumela isicelo esiveza indlela ezosetshenziswa nemiphumela ebalulekile ezinyangeni eziwu-36, sekuhlangene nemali ezodingeka ukuqala lolu hlelo.
8. Asikho isicelo esiyokwemukelwa uma sekwedlule usuku lokuvala okungumhla ka **25 Mashi 2024, ngo-16:00.**
9. Izinhlangano kudingeka zisayine irejista uma sezilethe izicelo zazo lapho ezishiywa khona. Ukusayinwa kwerejista kudingekela inhloso yamarekhodi nobufakazi bamabhuku.
10. Ukuthunyelwa kwesicelo akuqinisekisi ukuthi isicelo sakho sizokwemukelwa noma kugunyazwa ubudlelwane nawe.
11. Impendulo yokuthi isicelo sakho semukelwe noma cha uyoyithola ngesikhathi esifanele.

INQUBO YOKUHLUNGA

1. Ukuthumela isicelo esichaza kabanzi indlela esobala yokuthi sisoqaliswa kanjani	10
2. Ulwazi nesipiliyoni emkhakheni wokwakhiwa kwefenisha ezingeni lakuleli nasemazweni angaphandle.	10
3. Ulwazi lomkhakha wokukhiqiza, ukuhlinzeka nokudayisa ngefenisha.	10
4. Ulwazi lwenqubomgomo yefenisha eNingizimu Afrika, isimo sezomnotho nokuncintisana.	10
5. Ihlangano iholwa yisifundiswa ezineziqu ze-postgraduate kulo mkhakha neminyaka emithathu yesipiliyoni njengomholi.	10
6 Isipiliyoni sokusebenza nabasemkhakheni wakule mboni.	10
7. Isipiliyoni sokusungula, ukuqalisa, nokuqhamuka nezixazululo ezintsha ezinembayo ezinkingeni ezibucayi zezomnotho.	10
8. Ukufaka isandla ngokwezezimali nangezinye izindlela kulobu budlelwane	10
9. Isikhungo kumele siveze amakhono nolwazi ezintweni ezithinta ucwaningo, amasu, ukuhlela, ukuphatha amaphrojekthi, ukuphatha izimali, kanjalo nokusingatha ubudlelwane uma kuqhutshwa iNPC.	10
10. Iholwe yibhodi yabaqondisi ekhombisa ukumeleleka kwezinhlaka ezahlukene emkhakheni wokwenziwa kwefenisha.	10

Ngolunye ulwazi ungaxhumana noMnu Takalani Rathiyaya kule email: Takalani.Rathiyaya@durban.gov.za noma ushayele kule nombolo: 031-3114227.